



INGEDE



UKUSETSHENZISWA KWESIBULALA- KHULA EMASIMINI OMOBA

by Patrick T. Mbhele

Ingabe isivuno sakho somoba usithola siphansi ngalokho-ke uzithola wenza imandlana encane ngomoba wakho?

Gishe inkinga wukhula oludla inzuko yakho.

Izivande zocwaningo ezenziwe yinhlangano kashukela (Experiment Station) zikhombise ukuthi isivuno somoba otshaliwe sehlasisi sibe wuhafu nangapezukwalokho uma-nje kuvunyelwa ukhula lukhule ngenkuleleko ezinyangeni ezintathu emuva kokutshala. Phela ukhula lwepehuca umoba umanyolo owuthele emobeni lumunce namanzi abezosebenza ukuze uthole isivuno esihle somoba ebiszokunka isheke elithokozisayo.

Indlela elula yokugcina insimu yomoba etshaliwe ingenalo ukhula wukusebenzia ingxube yesibulala khula (uphoyizeni) njengalena-nje Sencor ne Diuron kanye neGramoxone ngokushesha emuva kokutshala. Lengxube ivimba ukhula lungamili kanjalo-ke umoba wakho ukhule ngokukhululeka futhi uwusebenzise wonke umanyolo kanye namanzi ngaphandle kokubangisana nefusi lokhula. Lokhu kuyosikhuphula kakhulu isivuno sakho kanjalo-ke nemali oyithola ngomoba wakho.

Imfihlo yempumelelo wukuchela lengxube ngokushesha emuva kokutshala umhlabathi usaswakeme futhi *ngaphambi* kokuba ukhula lumile.

Ingxube ka 2,5l we Sencor + 2l we Diuron kanye no 1l we Gramoxone nge hektha iyogcina insimu yakho ingenalo ukhula kuze kuphele izinyanga ezine.

Uma usebenzisa isigubhu (knapsack sprayer) efakwe umlonyanra noma ijethi (jet) I TK5 noma enjengayo (noma yile ebomvu ebawisigubhu I CP3) sizochela amanzi athi akabe we 300l nge hektha.

Kumqomo wamanzi owu 200l ufanele ufake

1,7l i Sencor

1,4l i Diuron

0,7l i Gramonxone

ugovuze impela

noma

Kwisigubhu esisodwa esiwu 20l ungaftaka

170 ml i Sencor

140 ml i Diuron

70 ml i Gramoxone

Qiniseka ukuthi ufaka izikalо ezifanele ngoba ukufaka kakhulu kuyokumosa imali kanti ukufaka kancane akunakulubulala ukhula.

Ukubulala ukhula ngezibulala khula kubiza kancane kunohlakhula.

Uma ufunu ulwazi ngezibulala-khula thintana nomeluleki wezolimo kaHulumeni wakwaZulu-Natal osebenzela uphiko lokweluleka kwezezimoba.

SILAPHA UKUZOSISA.

Siyathokoza kakhulu ukunethulela incwadi yokuqala ethi **INGEDE**, ehunyushwe ngesiZulu ukuze kusizakale iningi labatshali abasafufusa.

Incwadi yesiNgisi (The Link) ibe nesasa elikhulu kubadayisi bomoba, kanti ibasize kakhulu ekuba-fundiseni ngohlelo locwaningo olwenziwa kwaSASEX kanti iveze nezindlela ezithile ezithuthukile zokutshala umoba. Loku kubanomphumela omuhle, embewini kamoba enhle neningi ekupheleni kwenhlobo.

Siyathemba ukuthi uma usuyifundile lencwadi uzoba nolwazi olungcono namasu amanangi okutshala umoba omuhle. Inkampani yakwa SASEX inolwazi oluningi ezoludlulisela kubobonke abatshali bomoba.


Sicela usazise uma ulithanda lelibhukwana kanti futhi uma unamasu athile esingathuthukisa ngawo amabhukwana ezayo siyokwemukela kakhulu.

Tony Tucker, Inhloko: Extension Department, Experiment Station



Lapha: Uchela ngesibulala khula egqoke nezingubo zokuvikela.







YAZI ABALIMISI BAKHO BOMOBA

Ake ubuke lelisondo elinezithombe,
thola isigayo sakho bese uthola umlimisi wakho

Name	District Office	Telephone
RT Masondo	Ubombo	035-5951037
TT Madonsela	Simdlangentsha	017821-743
ZP Mbuyaisa	Hlabisa	035-5502069
P Ntuli	Hlabisa	035-5502069
NB Nsele	Lower Umfolozi	0351-942381
BF Ngema	Lower Umfolozi	0351-942381
IN Hlongwa	Eshowe	0354-42163
CT Hadebe	Mtunzini	0353-374325
PO Ndlovu	Mtunzini	0353-374325
F Phewa	Eshowe	0354-42163
MM Gwala	Eshowe	0354-42163
GV Mkwanyana	Mtunzini	0353-831018
NP Ncwane	Mtunzini	0353-831018
SJ Sangweni	Mtunzini	0353-831018
TCW Mkize	Ndwedwe	0322-831018
L Shezi	Ndwedwe	0322-831018
DM Putini	Ndwedwe	0322-831018
BW Sibisi	Mapumulu	0324-812008
MF Mhlongo	Mapumulu	0324-812008
MU Nzusa	Mapumulu	0324-812008
GV Mkize	Umzimbe	039-6992161
BW Sithole	Umvoti	0334-32155
BG Manci	Vulamehlo	0323-9740168
PA Dladla	Umvoti	0334-32155
J Mavimbela	Malelane Mill Area	013-7900230
A Khoza	Malelane Mill Area	013-7900230
Charles Nkuna	Komati Mill Area	013-7900230
N Mathebula	Komati Mill Area	013-7900230



ULWAZI LOKUXHUMANA KWABALIMI BOMOBA

by Francis Phewa

Kubalulekile ukuba umuntu ongumlimi abe nolwazi ngomsebenzi wokulima, ukuze athole isivuno esihle esizomnika inzuko enhle kakhulu. Kuvamile ikakhulukazi kubalimi labo abasafusayo ukuthi umsebenzi wabo ungabi sezingeni eliphezulu futhi kuahlale kunamaphutha amanini angadingeke, ngenxa yokungabi nolwazi ngezolimo.

KULOMSEBENZI WOKULIMA NAKHU OKUFANELE UKWAZI

- Ukuhlola umhlabathi
- Kwenziwelani lokhu? Ukuze wazi lokhu okuvele kukhona emhlabathini nalokho okudingekayo ukuze umoba ubemuhle.
- Ukuze wazi inhlobo kamanyolo odingekayo nenani elifanele ulifake nendlela yokufaka umanyolo efanele.

Okudingekayo uma kuhlolwa umhlabathi

- Insimbi yokuthatha isampula lomhlabathi (soil sampler)
- Ithikithi okubhalwa kulo yonke imininingwane isibongo, igama, ikheli nokunye.
- Isaka okufakwa kulo lenhlabathi eyisampula.
- Imali yokukhkhela I-Experiment Station ngokuhlola kwayo lomhlabathi.

Imibala yamathikithi

- Elipink ewfakwa lapho uzothola izingcono ezine ulokhu ufaka emva kokuhlahla (insimu yonke ilinyiwe)
- Elimhoshana (Off white) insimu evele inomoba (Ratoon) uthola izincomo zezivuno esisodwa.

Ukuthatha isampula lomhlabathi umlimi angakwazi ngokuba athole izifundo eziqondene nalokho.

Lezizifundo zitholakala kwi-Training Department yakhona kwaSASA Experiment Station Mount Edgecombe. Isampula lomhlabathi lingathathwa ngaphambi kokuhlahla noma ngemuva kokuhlahla. Uma umlimi eselithathile isampula lomhlabathi, kufanele alithumele nethikithi kwaSASA Experiment Station P/Bag X02 Mount Edgecombe 4300, noma alinike umeluleki wakho wendawo (Extension Officer) yendawo yakhe.

QAPHELA

- Ungathathi isampula lenhlabathi lapho kunesiduli khona, umanyolo noma umquba.
- Endleleni ehamba abantu benqamula ensimini.
- Eduze nemigwaqo ezungeze insimu.



Lapha: Amasaka okufaka umhlabathi kanye namathikithi.



Lapha: Kukhonjiswa esethatha umhlabathi.

IZELULEKO EZILUSIZO

by Allan Stead

■ Ngokufaka umanyolo owanele owuhlobo olufanele isivuno singakhuphuka ngamatani angu 30 kuya kwangu 90 ngehetha. Lokhu kumele amaphesenti awu 300% enzuko emalini oyigcine ngomanyolo ezinyangeni ezilishumi nambili. Ikuphi lapho ungathola khona inzuko enhle kanjena yakho. Kuyakhokhela ukufaka umanyolo.

■ Umanyolo uyabiza ngakho-ke ungawumoshi umanyolo ngokuba ufafe uhlolo okungelona. Indlela eyodwa ongaqiniseka ngayo ukuthi uthenga inhlobo okuyiyona nenani likamanyolo okuyilonia. Hlola inhlabathi yakho emnyangweni wakwa F.A.S kwaSASEX.

■ Uma imbewu oyisebenzisayo ngesikhathi sokutshala ingenazo izifo uyinakekela kahle emuva kokuhlahla ngeke uphinde uytihale insimu yakho cishe impilo yakho yonke. Imbewu ephilile ikunika umoba omuhle emuva kokuhlahla izikhathi eziningi. Ngabe imbewu yakho iholiwe izifo ezingu-bufishane bamalunga (ratoon stunting) kanye nezinye izifo ithimba elihlolola izifo kanye nezinambuzane. Thenga okungcono ukuze uzuze inzuko engcono.

■ Izindleko zokulungisa umhlabathi zingaba ingxenyi yokuphelele uma usebenzia isibulala khula (chemicals) ukubulala isitshalo esidala cela umeluleki ukuba anenzele isibonelo (demonstration).

■ Ungachithi isikhathi kanye nemali ngokwenza imisele yokutshala eshone kakhulu. Imisele yokutshala ayingashoni ngaphezu kwempama yesandla ukushona (kuka 150 mm).

■ Wena njengomlimi ukhokhela izindleko zokuhlahla kanye nokuthumela amathophisi kamoba emshinini kamoba. Izigayo zikamoba aziwadingi amathophisi kamoba kanti futhi ngeke bakukhokhele noma icenti nje ngawo. Ukuthumela amathophisi emshinini akukhokheli kodwa uyalahlekela ngakho-ke shiya amathophisi netashi ensimini ukuze uvikele inhlabathi kanye nomswakama uyzazu.

■ Imali oyithola ngomoba wakho iyehla usuku nosuku oludulayu emva kokushisa insimu emuva kwezinsuku eziyisikhombisa ulahlekelwa cishe ngamarandi ayishumi nanhlanu ngethani kanti emuva kwamasonto amabili ulahlekelwa amarandi angamashumi amabili nanhlanu ngethani. Ngakho-ke ungalahlili imali yakho shisa indawo eyanele ukuhlahlwu izinsuku ezimbili.

■ Inani lemla olenzayo esitshalweni sikamoba kaningi sincike ekutheni inkontileka yakho isebeza kahle kanjani kodwa-ke kuncane ongakusho ekusebenzeni kwenkontileka uma uziemele wedwa ningabambisene njengenhangano. Uma niyinhlangano niyoba namandla okuqiniseka ukuthi imali yakho iyakusebenzela.